**Isifundazwe iKwaZulu-Natali**
**Inkulumo ka B.F. Scott - uNgqongqoshe wezeziMali**

**IsiLinganiso seSabelomali esiBuyekeziwe sika 2018/19**
**21 Novemba 2018**

## A. UMNOTHO NGESO ELIBANZI NOMTHELELA WAWO KWEZEZIMALI

### *Isingeniso*

Mama Somlomo, Malungu aHloniphekile esiShayamthetho sesiFundazwe, bozakwethu, bantu baKwaZulu-Natali, manene namanenekazi, ake ngiqale inkulumo yami ngokwehlukile kancane kulo nyaka. Ngaphambi kokuba nginike umlando ngezomnotho okuyiwo oyisisekelo salesi siLinganiso seSabelomali esiBuyekeziwe engisethula namhlanje kule Ndlu, ngingumuntu othanda ukuncoma lapho kufanelekile. AmaLungu aHloniphekile azokhumbula ukuthi besinengcindeze yokwethula iThird Adjustments Apropriation Bill kule Ndlu mhla ka 29 Mashi 2018 esasinikwe isaziso esifushane kakhulu ngayo nguMgcinimafa kaZwelonke kwakhishwa negazethi eyanikwa isifundazwe mhla ka 27 Mashi 2018, eyayikhuphula ngokusemthethweni isiBonelelo seNgqalasizinda yezeMfundo ebizwa nge-Education Infrastructure Grant (EIG) ngo R339.996 million. Kungenxa yokukhula nobuhlakani bale Ndlu kanye nokusebenzisana okuhle esinakho, okwenze sikwazi ukwethula lo Mthethosivivinyo nokuthi iKZN ithole u R339.996 million. Njengoba unyaka ka 2017/18 usudlulile, futhi lezi zimali zasetshenziswa kahle, sesibonile ukuthi ezinye izifundazwe nazo obekuleme zithole imali ye EIG eyengeziwe azizange ziyithole ngenxa yokuthi azikwazanga ukubamba umhlangano oyisipesheli futhi zethembele ohlelweni lokwedlulisela izimali onyakeni olandelayo ukuze zithole lezi zimali. Ukwedlulisela izimali onyakeni olandelayo akuzange kugunyazwe, ngalokho yazilahlekela le mali. Siyabonga kakhulu kule Ndlu futhi siyakuthakasela ukuthi nakuqonda ukubaluleka kwalesi simo nase nisinika ithuba lokuba sibambe umhlangano oyisipesheli yize noma saninika isazizo esifushane ngalo mhlangano.

Ngenyanga eyedlule, uNgqongqoshe oHloniphekile wezeziMali, uTito Mboweni wethule inkulumo yakhe yeSabelomali saPhakathi noNyaka esibizwa i-Mid Term Budget Policy Statement (MTBPS). Kule nkulumo, wagcizelela ukuzibophezela kukahulumeni oHlelweni lukaZwelonke lweNtuthuko (NDP) kanye nakumbono kaMongameli oHloniphekile ka*Thuma Mina.* ISabelomali saPhakathi noNyaka saveza ubunzima besimo sezomnotho kanjalo nezinqumo ezinzima okumele sizithathe ngezimali ngesikhathi saphakathi nonyaka kanti neSabelomali esiBuyekeziwe engisethula namhlanje sizokhuluma ngezinqumo okumele sizithathe esifundazweni sethu.

Okusemqoka ekwenzeni ngcono ezezimali kuwo wonke amazinga kahulumeni ukukhula ngamandla komnotho ngendlela ebandakanyayo futhi ukuqinisa ukutshalwa kwezimali phakathi kwezinkampani ezizimele nohulumeni. Ukuzinzisa isikweletu sezwe kuyaqhubeka nokuba seqhulwini kulo hulumeni, kanjalo nesidingo sokunciphisa ushodi womumo wezomnotho.

***Ukuma komnotho***

ISimo somnotho okwethulwa ngaso lesi Sabelomali esiBuyekeziwe siyaqhubeka nokuba esinzima kakhulu njengoba amathuba okukhula kwawo ngokwesilinganiso esenziwa ngesikhathi kwethulwa isabelomali sezwe ekuqaleni kwalo nyaka, kungenzekanga. Njengoba uNgqongqoshe uMboweni asho enkulumweni yakhe ye MTBPS: “ezinyangezi zakamuva, ukungenzi kahle komnotho, ukushoda kwemali engenayo kanye nerandi elintengantengayo konke kube nesandla ekwenyukeni kwezikweletu” umnotho waseNingizimu Afrika unyenye wangena kwinzikamnotho ngo 2018, njengoba iDGP yehle ngo 0.7% ekoteni yesibili yonyaka ilandela ukwehla ngo 2.6% ekoteni yokuqala. Lesi isimo esibhekene naso.

Isivumelwano samaholo abasebenzi bahulumeni senziwa ezingeni eliphezulu kunalelo elalihlelelwe, kanti lokhu nakho kulethe enkulu ingcindezi ezimalini zethu. Ezifundazweni, lokhu kwenyuka kwezindleko akufakelwanga imali, kanti lokho kwafaka enkulu ingcindezi le esabelwenimali sesifundazwe esivele sidonsa kanzima.

Ngakho-ke, kusemqoka, njengoba ngishilo ukuthi sidinga ukugxila ezindleleni ezizokwenza ngcono isimo somnotho wethu kuyo yonke imikhakha ukuze kunciphe izinga lokungaqashwa kwabantu, ububha kanye nokungalingani. UMongameli oHloniphekile wamemezela izindlela ezahlukene zokukhuthaza umnotho wethu kanti lokhu kubala izinguquko ezikhuthaza ukukhula komnotho, ukubeka kabusha eqhulwini ukusebenzisa izimali zomphakathi ukuze kwesekwe ukukhula nokwakhekha kwemisebenzi, ukukhuthaza ukutshalwa kwezimali kwingqalasizinda, ukubhekana nezinto eziphuthumayo kwezemfundo nezempilo kanjalo nokuphucula ingqalasizinda yomasipala. Izifundazwe zineqhaza elisobala okumele zilibambe ngalokhu. Lesi sifundazwe sesakhe izindlela eziningi ukulalela leli khwelo kanti lokhu kubala ukwakhiwa kwesiKhwama sokuThuthukisa iNtsha, ukuqhubeka nokuqaliswa kohlelo loguquko olunqala kwezomnotho, ukuqinisekisa ukusetshenziswa ngokuphelele kwesabelomali sengqalasizinda eminyangweni (ikakhulukazi iminyango yethu emikhulu yengqalasizinda), ukugxila ekusizeni uMnyango wezeMpilo, phakathi kweminye. Kunekhwelo lokuheha utshalomali KwaZulu-Natali okungumsebenzi oholwa uNgqongqoshe oHloniphekile uSihle Zikalala. Umqulu osanda kushicilelwa ngamathuba omnotho esifundazweni “iKZN Investment Opportunities 2018/19” uwubufakazi balokhu.

Kumele sinyakaze ngenhloso nangokushesha kukho konke esikwenzayo, futhi izinqumo esizithathayo kumele zenze ngcono lokho esikwenzayo, uma uqhathanisa nesikutholayo uma sisebenzisa izimali esifundazweni. Ukunyakaza

kwethu kwezezimali kuzoba kuncane kakhulu kuze kube sixazulula zonke izinto ezisibambezelayo ekufezeni lokho esingakwazi ukukwenza. La mazwi alandelayo engiwacaphune kumbhali ongaziwa asikhumbuza ngalokho esifisa nesihlose ukukwenza, konke okusemqoka:
*"Njalo ekuseni e-Afrika inyamazane iyavuka. Iyazi ukuthi kumele igijime kakhulu ukwedlula ibhubesi eligijima kunawo wonke noma izofa. Njalo ekuseni ibhubesi liyavuka. Liyazi ukuthi kumele ligijime ledlule inyamazane egijima kancane noma lizobulawa indlala. Akusho lutho ukuthi uyibhubesi noma uyinyamazane – uma kuphuma ilanga, kumele ugijime."*

## B. UKUBUYEKEZA OKUHLONGOZWAYO

UMthetho wokuPhathwa kweziMali zikaHulumeni, ikakhulukazi iSigaba 31, sibeka ukuthi izifundazwe kumele zethule iSabelomali esiBuyekeziwe njalo ngonyaka. Lokhu kumele kwenzeke ezinsukwini ezingamashumi amathathu (30) kwethulwe iSabelomali esiBuyekeziwe sikaZwelonke. Ngakho-ke, kulesi siShayamthetho namhlanje, ngethula iSabelomali esiBuyekeziwe emva kokuba isiLinganiso seSabelomali esiBuyekeziwe sikaZwelonke sethulwe mhla ka 24 Okthoba 2018.

Ukubuyekeza okwenziwe ngokweSigaba 31 soMthetho wokuPhathwa kweziMali zikaHulumeni sifaka ukuthathwa kwezimali ezibekhona esifundazweni, ukwabiwa kabusha kwezimali emavotini ehlukahlukene, ukusetshenziswa kwezimali ezongekile esikhwameni esikhulu esingena kuleyo voti ngayinye ukuze kuvaleke izikhala lapho kusetshenziswe khona izimali ngokweqile kwezinye izikhawama ezingena kulelo voti, okwaziwa njengokudluliswa kwezimali okugunyazwe isiShayamthetho kuleyo minyango engakwazanga ukusebenzisa yonke imali efakwe kulelo voti, ukubala nje okumbalwa.

UMnyango kaMgcinimafa wesiFundazwe uvame ukubamba imihlangano neminyango kanye nezikhungo zikahulumeni ezikhathini ezahlukene zonyaka ukuhlola indlela okusetshenziswa ngayo izimali, kanjalo nokubonisana ngezimo ezivele kungalindelekile ezidinga izimali emva kokuba kwethulwe iSabelomali esiKhulu ngoMashi 2018. Ngenxa yesimo somnotho esimazonzo, isifundazwe sibhekelele izicelo ezimbalwa kuphela zokwengezwa kwezimali, lokhu kuzoxoxwa emva kwesikhathi.

### B.1 Ukukhokhelwa kweSabelomali esiBuyekeziwe

Isifundazwe siyaqhubeka nokuba nokheshi ebhange njengoba bekwenzeka kusukela ngo Meyi 2010. UMnyango kaMgcinimafa wesiFundazwe uyaqhubeka nokwalusa izimali ezikhona ebhange, ingcindezi yokusetshenziswa kwezimali okulindelekile okuvezwe iminyango phakathi nonyaka, kanjalo nokulandela izindlela zokunciphisa izindleko. Zonke lezi zinto zenze ukuba isifundazwe siwuphethe kahle unyaka owedlule sisenezimali ezisele, kanti lokhu kuzoba umthombo esizokwabelana kuwo ngesikhathi senza iSabelomali esiBuyekeziwe.

Lesi Sabelomali esiBuyekeziwe sikhuluma ngokwabiwa kwezimali okwahlukene eminyangweni lapho kube nezimo ebezingalindelekile ezifake ingcindezi phakathi nonyaka. Ngizochaza ngezimali okugunyazwe ukuthi zidluliselwe onyakeni olandelayo (okuphathelene nemali eyabiwe ngokulingana kanjalo nezibonelelo ezinemibandela), ukuhamba kwezimali phakathi kweminyango, kanjalo nokumiswa kwezimali esabelweni salo nyaka wezimali ezizobuyiswa onyakeni wezimali olandelayo.

Ibhuku leSilinganiso sokuBuyekeza elikhishwe namuhla ligqamise zonke izindawo lapho izinguquko zaphakathi nonyaka kwizabelomali zeminyango zidinga ukuba kugunyazwe isiShayamthetho, futhi amaLungu aHloniphekile ayacelwa ukuba akufundisise lokhu.

## C. ISIMO SEZIMALI EZIKHONA

**Ithebula 1** isithombe esichaza kafushane izinguquko ezenziwe kwiSabelomali esiBuyekeziwe esethulwa namuhla.

Leli thebula libheke ukwabiwa kwezimali okwahlukahlukene okwenziwe ezimalini zesifundazwe futhi likhombisa ukuthi kufikwe kanjani kulezo zimali ezizokhokhela lokho obekudinga ukukhokhelwa. Awusoze wathola ithebula eliveza konke obala njengaleli kuleli lizwe.

Okungalibheki leli thebula, izimali ezengeziwe ezinikwe isifundazwe sethu ziphuma kwiSabelomali esiBuyekeziwe sikaZwelonke. **Ukubuyekezwa kwesabelomali kuzwelonke kuzodingidwa kabanzi emva kwesikhathi.** Ukubuyekeza okwehlukahlukene, okufaka nokuhamba kwezimali phakathi kweminyango, nakho kuzoxoxwa emva kwesikhathi.

**Table 1: Net Financial Position - 2018/19**

| R thousand | 2018/19 |
|---|---|
| 1. 2017/18 Adjusted Budget - Audited | 116 940 976 |
| 2. 2017/18 Actual Expenditure - Audited | 116 249 721 |
| 3. 2017/18 Year-end under-expenditure - Audited | 691 255 |
| 4. 2017/18 Own Revenue Budget - Audited | 3 038 628 |
| 5. 2017/18 Own Revenue collection - Audited | 3 334 731 |
| 6. 2017/18 Year-end over-collection - Audited | 296 103 |
| 7. 2017/18 Budgeted surplus | 108 613 |
| 8. Less: 2017/18 Revenue collection allocated in 17/18 Adj., 18/19 Rev allocated + technical adj. | (17 577) |
| **9. 2017/18 Surplus - Audited** | **1 078 394** |
| 10. Less: Unspent conditional grants approved for roll-over | 174 692 |
| CASP grant | 15 291 |
| Ilima/ Letsema Projects grant | 22 816 |
| Learners with Profound Intellectual Disabilities grant | 1 100 |
| Maths, Science and Technology grant | 6 148 |
| NSNP grant | 129 337 |
| 11. Less: Unspent conditional grant funding to be returned to National Treasury | 53 763 |
| **12. 2017/18 funding available after taking into account cond. grant roll-overs and surrenders** | **849 939** |
| 13. Less: Provincial Commitments | 407 018 |
| V12: Learner Transport | 125 000 |
| V8: Re-allocation of funds for housing projects from funds received from Ridgeview Gardens sale | 37 842 |
| V10: KZN Sport Awards sponsorship | 675 |
| V1: Youth Development Fund | 50 000 |
| V1: Moses Mabhida Building roof repairs | 6 932 |
| V1: Moerane Commission and Relocation costs for Ulundi staff | 13 900 |
| V2: Revenue over-collection ito S22 of PFMA and FMPPLA | 3 813 |
| V2: Voter education | 7 000 |
| V2: In-year spending pressures | 9 779 |
| V14: Property rates - S14 Schools (for 2017/18) and outstanding government debt | 92 000 |
| V13: Flood disaster relief - 10 October 2017 floods | 77 |
| V6: Health/ Treasury assistance plan | 60 000 |
| 14. Less: Provincial Roll-overs | 335 506 |
| Vote 1: Terry Street Parking project, Moerane Commission of Inquiry | 3 076 |
| Vote 2: In terms of FMPPLA, under-expenditure of operational budget is alloacted back to Legislature | 2 742 |
| Vote 3: Capital infrastructure projects | 19 031 |
| Vote 4: Invasive Alien Species Programme | 9 292 |
| Vote 6: Treasury/ Health assistance plan | 11 000 |
| Vote 10: Sport infrastructure in various municipalities | 20 000 |
| Vote 11: Nelson Mandela exhibition centre, lightning conductors, water tanks, vehicles, computers, etc | 29 955 |
| Vote 12: Flood disaster and cross-border crime fighting structure | 222 000 |
| Vote 13: Various capital projects eg Madadeni rehab centre, Vuma youth centre, etc | 16 400 |
| Vote 14: Provincial Infrastructure Master Plan | 1 079 |
| Vote 15: Various transfers (Usiba Writers Guild, Rorkes Drift Art Centre, KwaCulture, etc.) | 931 |
| **15. Funding available after providing for provincial commitments and roll-overs** | **107 415** |
| 16. Add: 2018/19 budgeted surplus | 174 054 |
| 17. Funds to be cut from all 15 Votes | - |
| **18. Net financial position** | **281 469** |

Lokhu okulandelayo kuhlinzeka ngemininingwane ephelele mayelana nesimo sezimali ezikhona, njengoba kuveziwe kuThebula 1:

## C.1. Imali Eyevile ngo 2017/18

**Umugqa 1 – 8** weThebula 1 uchaza ukuthi isabelomali esibuyekeziwe sika 2017/18 asisebenzanga sonke, kwasala u-R691.255 million nokuthi iNgenisomali

lesiFundazweni (Provincial Own Revenue) leva ngo R296.103 million. Lokhu, kanye nemali eyevile ebihlelelwe engu R108.613 million kanye nokunye ukubuyekeza okuncane okwenziwe, kwenze ukuba isifundazwe sivale unyaka wezimali ka 2017/18 sinemali eyevile esele futhi esicwaningiwe ngabahlolimabhulu engu **R1.078 billion**, njengoba kuvela **emuGqeni 9**.

## C.2. Izibonelelo ezinemibandela ezingasebenzanga ku 2017/18

Ingxenye yale mali eyevile iqondene nemali yezibonelelo ezinemibandela engasebenzanga, ngakho, idinga ukukhiswa ezibalweni, njengoba imali yezibonelelo ezinemibandela ibuyiselwa esikhwameni semali sikazwelonke, ngaphandle uma kugunyaziwe ukuba idluliselwe onyakeni olandelayo, ngokwezimiso zeDORA. Ngakho-ke, **umuGqa 10** ukhombisa izimali ezingasebenzanga kwiProvincial Revenue Fund, kepha ezigunyazwe nguMnyango kaMgcinimafa kaZwelonke, ngokubuka izibalo ezicwaningiwe, ukuba zidluliselwe onyakeni wezimali ka 2018/19 mayelana nezibonelelo ezinemibandela ezinhlanu engango **R174.692 million** isihlangene. Kumele kuqashelwe ukuthi lena akuyona imali “entsha” esifundazweni njengoba lezi zimali vele sezisesiKhwameni seNgenisomali yesiFundazwe. Ukugunyazwa kokudluliswa kwezimali kuchaza nje ukuthi lezi zimali zingasetshenziswa ukukhokhela lokho ebesizibophezele kukho onyekeni owedlule. Ukwedluliselwa kwezimali okugunyaziwe kumi kahle:

- Isibonelelo iComprehensive Agricultural Support Programme (CASP) – R15.291 million
- Isibonelelo i-Ilima/Letsema Projects – R22.816 million
- Isibonelelo iLearners with Profound Intellectual Disabilities (LPID) – R1.100 million
- Isibonelelo i-Maths, Science and Technology (MST) – R6.148 million
- Isibonelelo i-National School Nutrition Programme (NSNP) – R129.337 million.

Okusikhathazayo ngokwedluliselwa kwezibonelelo iLPID, iMST neNSNP, ukuthi uMnyango wezeMfundo usisebenzise ngokweqile isabelomali sawo ngo R76.396 million onyakeni wezimali ka 2017/18 uma kubhekwa izinombolo ezicwaningiwe, okusho ukuthi ayikho imali engukheshi e-akhawuntini yawo yasebhange ezosiza kulokhu kwedluliselwa kwezimali. Lokhu kusho ukuthi, yize noma uMnyango kaMgcinimafa kaZwelonke ekugunyazile lokhu kwedluliswa kwezimali, kepha baxhaswa ngenye imali eyengeziwe evela ezimalini zesisifundazwe, kanti lokhu akukuhle futhi sekubekwe njengodaba okumele lweluswe ngeso lokhozi yiKomidi eliBhekela ukuSetshenziswa kweziMali zoMphakathi elibizwa ngeSCOPA.

**UmuGqa 11** ukhombisa isamba sika **R53.763 million** obuyiselwe esiKhwameni seNgenisomali kuZwelonke ngokwemibandela yezibonelelo

ezingasetshenziswanga nezingabalwanga njengezizosebenza. Le mali ingaphezulu kakhulu kuka R3.586 million owabuyiselwa onyakeni ongaphambili, futhi lokhu kuyakhathaza. Izimali ebezikhishwe ngokwalezi zibonelelo ezinemibandela ezilandelayo zibuyiselwa emuva esiKhwameni seNgenisomali kuZwelonke:

- Isibonelelo iCASP – R34.372 million
- Isibonelelo iSocial Worker Employment – R17.009 million
- Isibonelelo iLPID – R1.762 million
- Isibonelelo iNSNP – R109 000
- Isibonelelo seziFundazwe iSocial Sector EPWP Incentive (ezeMfundo) – R511 000.

**UmuGqa 12** wona ukhombisa izimali ezikhona ezizokwabiwa emva kokubheka ukwedluliselwa phambili kwezimali eziyimixhaso okwagunyazwa nguMgcinimafa kaZwelonke, kanjalo nezimali okumele zibuyiselwe emuva esikhwameni sikazwelonke, ezingango **R849.939 million**.

### C.3. Ukuzibophezela kwesifundazwe/izingcindezi ezithola imali eyengeziwe

Ziningi izinto eziyingcindezi esifundazweni ezivelile kusukela mhla kwethulwe isabelomali sika 2018/19 MTEF kwiSishayamthetho, ezidinga izimali, kanti izimali esezikhishelwe lokhu zingango R407.018 million. Kumele kuqashelwe ukuthi ezigamekweni ezimbili, ezinye zezimali ziyokwabelwa umnyango ngo 2019/20 ngoba isona sikhathi eyobe idingeka ngaso imali. Lapho ukwabiwa kwezimali kuzokwenzeka emva kwesiLinganiso seSabelomali esiBuyekeziwe sika 2018/19, lokhu kukhonjisiwe ngokufanele (futhi lezo zimali ziyovezwa ngokusemthethweni uma sekwethulwa isabelomali esikhulu sika 2019/20). Izimali zesifundazwe azikho esimweni sokuba zikhokhele zonke izingcindezi zezimali ezivelile, kepha le mikhakha elandelayo ithole imali eyengeziwe kulesi Sabelomali esiBuyekeziwe:

- **Ezokuthutha – iziThuthi zabaFundi:** Kube noshodi kulo nyaka wezimali ka R125 million mayelana nokuhlinzeka ngomsebenzi wokuthuthwa kwabafundi. Lo shodi umayelana nomsebenzi okhona njengamanje wokuthuthwa kwabafundi lapho kuthuthwa khona abafundi abangu 55 568, kanjalo nabanye abengeziwe abangu 2 933 abafundi basendaweni yaseNquthu emva kokuba inkantolo ithathe isinqumo ngalolu daba.
- **EzokuHlaliswa kwaBantu – ukwabiwa kwezimali ezitholakale phakathi nonyaka ezizosebenza kumaphrojekthi okwakha izindlu:** Umnyango wacela imali engango R37.842 million eyatholakala ngo 2017/18 enzuzweni

eyanzeka ngokudayiswa kwezindlu eziku 330 eRidgeview Gardens ukuba ibuyiselwe kuwona ukuze iyisebenzise ikakhulu kumaphrojekthi ezindlu ehlukene. Umnyango ubhekene nengcindezi kwisabelomali sawo emva kokuhlelwa kabusha izimali ngenhloso yokunciphisa izindleko okwenziwe kwisibonelelo sezokuThuthukisa ezokuHlaliswa kwaBantu ngo R578.274 million ngesikhathi kwenziwa isabelomali sika 2018/19.

- **EzemiDlalo nokuNgcebeleka – KZN Sport Awards:** Umnyango uthola u R675 000 oqondene nemixhaso eyehlukene eyithola ngokusingatha iKZN Sport Awards kanti le mixhaso, iyaye ifakwe ngokufanele emnyangweni.

- **IHhovisi likaNdunankulu – isiKhwama sokuThuthukisa iNtsha:** ENkulumweni yesiMo sesiFundazwe ekuqaleni kwalo nyaka, kanjalo nasenkulumweni yakhe yesabelomali sikaVote 1, uNdunankulu oHloniphekile wamemezela ukuthi kuzokwethulwa ngokusemthethweni isiKhwama sokuThuthukisa iNtsha KwaZulu-Natali ngo 2018 nokuthi u R50 million uzofakwa kulesi sikhwama, futhi lokhu sekwenziwa emthethweni kulesi Sabelomali esiBuyekeziwe.

- **IHhovisi likaNdunankulu – Ukulungiswa kwebhilidi iMoses Mabhida, ePietermaritzburg**: Imali engango R6.932 million yabelwe ukulungisa okuphuthumayo kophahla lwebhilidi iMoses Mabhida, ePietermaritzburg. Uphahla lwaleli bhilidi luvuza kakhulu nokudale ukulimala okukhulu kwaleli bhilidi, nokwenze ukuthi amanye amahhovisi ashiywe dengwane ngoba kungasenakusebenzeleka kuwo. Le phrojekthi ithathwa njengephuthumayo njengoba leli bhilidi lingelinye lasemqoka ezweni. Umnyango ukuvezile ukuthi, ngokwezidingo zephrojekthi, u R1 million uzodingeka onyakeni ka 2018/19, bese kusala ibhalansi ka R5.932 million okumele yabiwe onyakeni ka 2019/20.

- **IHhovisi likaNdunankulu – IKhomishane yezoPhenyo kaMoerane nezindleko zokuthutha abasebenzi:** Isamba esingango R13.900 million sabelwe iKhomishana yezoPhenyo kaMoerane; (u R7 million) wakhokhela ukuthutha kwabasebenzi okwenzeka kudala ngesikhathi iminyango ithutha isuka oLundi iya ePietermaritzburg (R6.900 million). Lolu daba luqondene nodaba lwabasebenzi obelungakaphothulwa olumayelana nalabo basebenzi ababesoLundi kanye nokukhokhelwa kokuthuthwa kwabo ngesikhathi bethuthelwa ePietermaritzburg. Lolu daba lwaqala ngo 2008 ngesikhathi abasebenzi abangu 111 bethinteka ohlelweni lokuthuthwa kwabasebenzi.

- **IsiShayamthetho sesiFundazwe – Ukugcina ingenisomali yaso:** IsiShayamthetho sesiFundazwe sigcina noma ngabe iyiphi imali yaso neqoqwe ngokwedlulele onyakeni owedlule ngokweSigaba 22 soMthetho oLawula ukuPhathwa kweziMali zikaHulumeni, nangokwe Financial Management for Parliament and Provincial Legislatures Act (FMPPLA). Ngakho-ke, u R3.813 million ubuyiselwa esiShayamthetho, okuyimali eqoqwe ngokweqile ku 2017/18.

- **IsiShayamthetho sesiFundazwe – Imikhankaso yokufundisa eqondene nezinketho zika 2019:** Isamba sika R7 million sabelwe ukwenza imikhankaso yokufundisa ngokhetho ngokubambisana neKhomishana yoKhetho eziMele (i-IEC) ezokwenziwa ngaphambi kokhetho luka 2019. Imikhankaso yokufundisa ngokuvota ihlelwe ukuba yenziwe kusuka kuSepthemba 2018 kuya kuFebhuwari 2019.

- **IsiShayamthetho sesiFundazwe – Izingcindezi ezehlukene ekusetshenzisweni kwemali:** IsiShayamthetho sacela u R9.779 million wokwengeza ezimalini ngenxa yengcindeni ebe khona phakathi nonyaka. Lokhu kwaxoxwa phakathi kukaSomlomo noNgqongqoshe wezeziMali njengoba kudingeka ngokwe FMPPLA.

- **ImiSebenzi yoMphakathi – Ama-rates amabhilidi:** Umnyango wacela imali yokwengeza engango R378.800 million ukukhokhela ingcindezi eqondene nokukhokhela ama-rates amabhilidi kahulumeni. Lokhu kubala nokuvala izikweletu ezindala zika 2017/18 (R94 million), zezikole eziyiSigaba 14 kunyaka ka 2017/18 (R43.500 million), ukukhokhela isikweletu esisilele sikahulumeni kusukela mhla ka 31 Mashi 2015 (R48.500 million), ukukhokhela isikweletu esisilele mayelana nama FET/ TVETs (R13.800 million) nokuhlinzekela ngoshodi esikweletini sama-rates kulo nyaka ophezulu (R179 million). Ngenxa yokumpintsheka kwesimo sezimali, asikwazanga ukwaba yonke imali eyayiceliwe, ngakho isamba sika R43.500 million esidingekayo ezikoleni eziyiSigaba 14, kanjalo no R48.500 million oqondene nezikweletu ezisilele emuva okuzokhokhelwa. Okusho ukuthi isamba sika R92 million esabelwe lokhu.

- **EzokuThuthukiswa koMphakathi – Imali yokubhekana nezinhlekelele:** Umnyango wacela izimali zokwengeza usebenzisa isiKhungo sokuPhathwa kweziNhlekelele esiFundazweni Centre maqondana nezikhukhula ezenzeka esifundazweni mhla ka 10 Okthoba 2017. UMnyango uthola imali enkulu yokwengenza edingekayo uma kunalezi zinhlekelele emalini yesibonelelo esibhekele uTakulo ngesikhathi seziNhlekelele esiFundazweni, njengoba ngizochaza emva kwesikhathi. Kunemali engango R77 000 eyabelwa isifundazwe, njengoba imali eyayivela kuzwelonke yayishoda kancane ku R5.503 million owawucelwe uMnyango usebenzisa isiKhungo sikaZwelonke sokuLawula iziNhekelele. Le mali engu R77 000 eyathathwa esikhwameni sesifundazwe isihlangene neyesibonelelo sokuTakulo ngesikhathi seziNhlekelele esiFundazweni yaba ngu R5.053 million yabe isivumela uMnyango ukuba ubhekane nemisebenzi yokulungisa umonakalo owadalwa yilezi zikhukhula ezikhungweni ezifana noZingolweni Residential Accommodation, Zakhe Place of Safety, kanye no Umlazi ne Phoenix Service Offices. Ngizokwenaba ngesabelo sezinhlekelele emva kwesikhathi.

- **UMgcinimafa esiFundazweni – uHlelo loMnyango kaMgcinimafa lokuLekelela uMnyango wezeMpilo:** Isamba sika R60 million sabelwe lokhu, kanti u R20 million wabiwe ngo 2018/19 bese imali esele engu R40

million izofakwa ku 2019/20 njengemali edingekayo ukuqedela umsebenzi wophiko lwezokuthenga imisebenzi nempahla, izinhlelo zangaPhakathi zokuLawula, kanye nezokuLawulwa kweziMpahla eMnyangweni wezeMpilo. Isamba esikhulu salesi sabelo esokuqasha abasebenzi besikhashana abazongenelela kulokhu, kanjalo nokuthola ibhilidi eliphephe ngokwanele, elinempahla yokusebenza nokunye ukuze kuhlale leli thimba.

### C.4. IziMali zesiFundazwe ezedluliselwe onyakeni olandelayo

**UmuGqa 14** ukhombisa izimali ezabiwe ngokulingana esifundazweni okugunyazwe ukuthi zidluliselwe onyakeni olandelayo, ezingu **R335.506 million**. Imininingwane yalokhu kwedluliselwa onyakeni olandelayo nansi ngezansi:

- **IHhovisi likaNdunankulu** lithola imali eyedluliselwe eyabiwe ngokulingana engango R3.076 million, emva kokuba lihlulekile ukusebenzisa yonke imali elayinikwa ngo 2017/18 ngesamba esifanayo. Imali ezodluliselwa eyephrojekthi **iTerry Street Parking** ebhilidini iMoses Mabhida, ePietermaritzburg (R2.686 million) **neyeKhomishana yoPhenyo kaMoerane** lapho ama-invoice atholakala sekwedlule isikhathi sokuba akhokhelwe onyakeni ka 2017/18 angango (R390 000).
- **IsiShayamthetho sesiFundazwe** sizogcina imali yaso esele ukuze siqhube umsebenzi wonyaka nonyaka, ngaphandle kokuthumela isicelo eMnyangweni kaMgcinimafa wesiFundazwe sokudlulisela izimali onyakeni olandelayo njengoba kwenza eminye iminyango yesifundazwe. Lokhu kuyahambisana ne PFMA kanye ne FMPPLA. Ngakho-ke, ukusetshenziswa ngokungaphansi kwezimali okubonakele ngesikhathi kucutshungula amabhuku mayelana **nemali yokuqhuba umsebenzi** ibuyiselwa emuva esiShayamthetho. Imali eyabiwe ngokomthetho ingena ngqo, ngakho-ke ayibaliwe ngoba uma ingazange isebenze kumele ibuyiselwe emuva kwiProvincial Revenue Fund. Ngakho-ke, isamba sika R2.742 million sizodluliselwa phambili esiShayamthetho. Kumele kuqashelwe ukuthi isiShayamthetho sehlukela ukuqeda izimali esasabelwe zona onyakeni ka 2017/18 ngo R2.874 million, kepha u R132 000 wayo uqondene nesabelo esikhishwa ngokomthetho futhi kumele ubuyiselwe esiKhwameni seNgenisomali sesiFundazwe.
- **AbezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya** abasiqedanga isabelomali sawo sa 2017/18, kwasala u R164.279 million manje kuzodluliselwa phambili u R19.031 million oqondene **namaphrojekthi amakhulu** aqalwe abakwa Public Works. Lokhu kumayelana nokulungiswa kwamahhovisi, kanjalo nokulungiswa kwezindlu zabasebenza emafamu omnyango okwenziwe kuwo ucwaningo (eDundee nase Bartlow).
- **AbezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha, nezeMvelo** abasiqedanga isabelomali sawo ka 2017/18, kwasala u R100.493 million manje uzodlulisela phambili u R9.272 million oqondene **noHlelo**

**lokuKhuculula iziMila zokuFika ezingaDingeki**. Lokhu kumayelana nezindleko osekungenwe kuzo onyakeni ka 2017/18 mayelana nokususwa kwezimila zokufika kanye nokuthengwa kwamakhemikhali adingekayo kulolu hlelo.

- **UMgcinimafa esiFundazweni** awusiqedanga isabelomali sawo sa 2017/18, kwasala u R42.493 million manje kudluliselwa phambili u R11 million oqondene **uHlelo loMnyango kaMgcinimafa lokuLekelela uMnyango wezeMpilo**. Lezi zimali zazikhishelwe ngqo umnyango ngale nhloso futhi lesi samba, ngalokhu, zidluliselwa phambili ukuze kungabambezeleki ithimba elisebenza kulolu hlelo.
- **AbezemiDlalo nokuNgcebeleka** abasiqedanga isabelomali sabo sa 2017/18, kwasala u R26.865 million manje bazodlulisela phambili u R20 million. Lezi zimali kwakumele zidluliselwe kuMasipala waseThekwini ukuze wakhe izikhungo zokuthuthukisa ezemidlalo. UMasipala usabhekene nezinselelo ezinkulu mayelana neziza eziqokelwe ukwakhiwa kwalezi zikhungo kanye neziqashi ezikhona kule ndawo. Umnyango manje usucele ukuba lo R20 million unikwe wona ukuze uwusebenzisele **ukulungisa izinkundla nezikhungo zemidlalo** komasipala abehlukene.
- **AbezokuBusa ngokuBambisana nobuHoli boMdabu** abasiqedenga isabelomali sabo sa 2017/18, kwasala u R53.569 million manje bazodlulisela phambili u R29.955 million **wezimoto, impahla yasehhovisi, amakhompyutha, njll, kanye nokufakwa kohlelo lokugwema ukungena kwezulu kanye nethange lamanzi eNelson Mandela Exhibition Centre.**
- **AbezokuThutha** abasiqedanga isabelomali sawo ka 2017/18, kwasala u R250 million manje uzodlulisela phambili u R222 million. Kule mali, u R172 million uqondene nezimali ezabelwa umnyango ngqo ukuba ubhekane **nemisebenzi yokulungisa umonakalo owadalwa yizikhukhula** emva kwezikhukhula ezaba ngo-Okthoba 2017. Esele lapho, engu R50 million **eyokwakhiwa kohlaka lokulwa nobugebengu emngceleni ephakathi kweKZN neMozambique**. Lezi zimali zizomiswa zigcinwe esiKhwameni seNgenisomali sesiFundazwe kuze kube isikhathi lapho kusayinwa khona isiVumelwano sokuSebenzisana phakathi kwesifundazwe nezinhlaka zikazwelonke ezibhekene nokulawula imingcele, njengoba lokhu kungumbandela owabekwa ngesikhathi kwabiwa lezi zimali emnyangweni. Ngakho-ke imali, ingasebetshenziswa uMnyango kuphela uma sekukhona isiVumelwano sokuSebenzisana esisayiniwe.
- **AbezokuThuthukiswa koMphakathi** abasiqedanga isabelomali sabo, sika 2017/18, kwasala u R70.154 million manje bazodlulisela phambili u R16.400 million ukwenza **amaphrojekthi amakhulu ehlukene** aqaliswe abezemiSebenzi yoMphakathi.
- **AbezemiSebenzi yoMphakathi** abasiqedanga isabelomali sabo sika 2017/18, kwasala u R6.186 million manje kuzodluliselwa phambilii u R1.079 million wokwenziwa **koHlelo oluBanzi lwesiFundazwe lokwakha iNgqalasizinda**.

- **AbezobuCiko namaSiko** abasiqedanga isabelomali sabo sika 2017/18, kwasala u R20.250 million kanti manje bazodlulisela phambili u R931 000 **wokukhokhela izinto ezahlukahlukene** ezazidluliselwe ku 2018/19. Le mali eyokukhokhela Usiba Writers Guild, Rorkes Drift Art Centre, KwaCulture, inhlangano yomkhandlu wezobuciko namasiko (Ezengenkatho Community Centre) kanye neRichmond Bryne District Museum.

Emva kokukhekhela izibopho zesifundazwe nokwedluliselwa phambili kwezimali, imali esele ingu **R107.415 million** njengoba kukhonjisiwe **emuGqeni 15.**

## C.5. Isikhwama sezimo ezingalindelekile

**UmuGqa 16** usikhumbuza ukuthi iKZN yayihlelele imali ezosala noma yezimo ezingalindelekile onyakeni ka 2018/19, engango R174.054 million futhi le mali ihambisana nemali ekhonjiswe ohlakeni lwezimali luka *2018/19 okuyiziLinganiso zeMali yesiFundazwe eNgenile neSebenzile*. Lesi samba sifakwa esimweni semali ekhona njengamanje.

## C.6. Ukuncishiswa kwezabelomali okuhlongozwayo

**UmuGqa 17** ukhombisa lapho kulindeleke khona ukuba kuncishiswe isabelomali ngo R475.957 million obekuzokhombisa ukwenyuka kwesikhwama sezimo ezingalindelekile (Contingency Reserve) sibuyele ku R650 million, njengoba kwamenyezelwa enkulumweni yesabelomali esikhulu sika 2018/19. Lokhu kuncishiswa kwesabelomali okuhlongozwayo kucutshungulwe kahle uMkhandlu oPhezulu wesiFundazwe ngokubuka ingcindezi yokusebenza kwezimali eminyangweni, okuvele ngenxa yokuthi iminyango eminingi ilindeleke ukuba ithwale izindleko zamaholo aphezulu ngokwesivumelano samaholo esikhona kwizabelomali zayo njengoba uMnyango kaMgcinimafa kaZwelonke engazange abe ezinye izimali ezengeziwe ezifundazweni mayelana nalokhu, nokuthi isifundazwe siqede unyaka sisalelwe imali engango R1.078 billion ecwaningiwe. Ngokubuka lokhu, nokubuka ukuthi izimali zesifundazwe azikho esimweni sokukhokha zonke lezi zimali zokwengeza ezidingekayo ezicelwe iminyango, kwanqunywa eMkhandlwini oPhezulu wesiFundazwe ukuthi **kukhululwe iminyango kulokhu kuncishiswa kwezabelomali**, futhi lokhu kukhonjiswe njengo Nil **emuGqeni 17**.

**UmuGqa 18** ukhombisa ukuthi isifundazwe sinemali esele ebhange **ka R281.469 million** uma sekwabiwe yonke le mali. Yize noma le mali iphansi kakhulu, khona ingcono kuno R108.613 million owethulwe ngesikhathi seSabelomali Esibuyekeziwe ngonyaka owedlule kule Ndlu. Lezi zimali ziyagcinwa zingabiwe okwamanje ukusivikela uma kwenzeka noma yini ethusayo kwezezimali.

## D. UKUMISWA KWEZIMALI

Uhlelo lwesiLinganiso seSabelomali esiBuyekeziwe esifundazweni luhlinzeka ukuba kwabiwe izimali, kubekwe kabusha eqhulwini izimali zeminyango, kanye nokumiswa kwezimali noma ukuguqula inhloso imali eyayabelwe yona ngqo ekuqaleni emnyangweni.

Ukumiswa kwezimali kwenzeka lapho umnyango usubonile ukuthi ngenxa yezimo ebezingalindelekile noma ukubambezeleka okuthile kumaphrojekthi awo, bese ucela ukuba izimali zawo zimiswe kwisabelomali sawo kulowo nyaka wezimali ukuze zabiwe kabusha eminyakeni elandelayo. Ukumiswa kwezimali kuphinde kwenzeke uma umsebenzi ususukile emnyangweni waya komunye umnyango. Lokhu kumiswa kwezimali engikwethula namuhla kumi kanje:

- Ngokuhambisana nesinqumo soMkhandlu oPhezulu wesiFundazwe esathathwa ekuqaleni kwalo nyaka, **umsebenzi wokuthutha abafundi**, owasuka eMnyangweni wezokuthutha waya kowezeMfundo ngokwe 2018/19 MTEF, usubuyela emuva eMnyangweni wezokuThutha esiLinganisweli seSabelomali esiBuyekeziwe sika 2018/19. Lo msebenzi nesabelomali esihambisana nawo, manje uyamiswa, usuke kwisabelomali sowezeMfundo uye kwesezokuThutha.

- Umnyango wakwa wezobuCiko namaSiko wacela ukuba kumiswe izinto eziningi eziqondene nesabelolami sawo sika 2018/19 ukuze sibuyiselwe kuwo onyakeni ka 2019/20:

  - R68 million oqondene ne-**Archive Repository**. Umnyango waveza ukuthi ukubambezela okwenzeke ngenxa yethimba labasebenzi abasematasa benza umsebenzi wokuphenya ukwenzeka ngempumelelo kwalo msebenzi, nokuyinto edingeka kakhulu ngaphambi kokuba bethule umbiko ophelele emnyangweni ukuze kuqalwe ngokuphelele le phrojekthi.

  - R5 million oqondene ne **Music Academy in Ladysmith**. Umnyango wanquma ukuzenzela wona lo msebenzi kunokuba udlulisele izimali kuMasipala wase Alfred Duma, kepha udinga ukuba izimali zimiswe bese zibuyiswa ngo 2019/20 okuyisikhathi lapho uzobe sewukulungele ukuqalisa le phrojekthi, ngokubuka ukuthi umnyango unenkinga yengqalasizinda nokuthi imisebenzi eminingi emikhulu yalo mnyango isiqaliwe vele.

  - R9 million oqondene ne**Winston Churchill Theatre** umsebenzi wokulungisa. Umnyango usohlelweni lokuqoka abaPhathi balo msebenzi, kepha waveza ukuthi lezi zimali angeke zisebenze ungakapheli unyaka ka 2018/19.

  - R9 million oqondene ne-**Osizweni Art Centre** wokulungisa nokunweba lesi sikhungo. Umnyango usohlelweni lokuqoka abaPhathi balo

msebenzi, kepha waveza ukuthi lezi zimali angeke zisebenze kulo nyaka ophezulu.

- **AbezokuBusa ngokuBambisana nobuHoli boMdabu** bacela ukuthi u R40 million umiswe esabelweni sawo sika 2017/18 omayelana **nokhetho loMkhandlu wobuHoli boMdabu** manje sebecela ukuthi umiswe futhi kuze kube u 2019/20 njengoba umnyango uveze ukuthi lolu khetho luyokwenzeka kuphela emva koKhetho oluKhulu loNyaka luka 2019 okungaba uDisemba 2019. Kanjalo-ke, umnyango ucele ukuba u R35 million umiswe bese ubuyiswa ngo 2019/20 ukuze kwenziwe lolu khetho bese kuthi u R5 million ugcinelwe izinhlelo zokufundisa ngokuvota zika 2018/19.

## E. UKUBUYEKEZWA KOKWABA NGOKULINGANA KANYE NOKWABIWA KWEZIBONELELO EZINEMIBANDELA

ISabelomali esiBuyekeziwe sika 2018/19 asinayo **imali yokwengeza** efakwe kwiSabelo esilinganayo saKwaZulu-Natali**.**

Kukhona kodwa izinguquko ezikhona ekwabiweni **kweSibonelelo esinemiBandela** nguMgcinimafa kaZwelonke. Isifundazwe safaka isicelo esiKhwameni sikaZwelonke sokuTakula uma kuneziNhlekelele kusetshenziswa isiKhungu sokuLawula iziNhlekelele esiFundazweni emva **kwenhlekelele yezikhukhula** ezenzeka esifundazweni mhla ka 10 Okthoba 2017. Lokhu kube umsebenzi omude nonzima kakhulu kepha ekugcineni imali yabiwe esifundazweni emva konyaka ogcwele kwenzeke le nhlekelele. Ngenhlanhla isifundazwe sakwazi ukuthwala izindleko zokulungisa izindawo ezalimala kule nhlekelele ngesabelomali saso esasivumela ukuba siqale silungise lezo zindawo ezaziphuthuma kakhulu ukuba zilungiswe onyakeni owedlule. Isicelo esenziwe esiKhwameni sikaZwelonke sokuTakula uma kuneziNhlekelele kwakwesemali engaphezu kuka R2 billion, kepha sathola isabelo sika R465.812 million kuphela, owabiwa kanje:

- Isibonelelo seNgqalasizinda yezeMfundo sithola u R150 million.
- Isibonelelo sokuVuselela iziKhungo zezeMpilo sithola u R199.508 million.
- Isibonelelo sokuThuthukisa ezokuHlaliswa kwaBantu sithola u R100 million.
- Isibonelelo sezoTakulo uma kuneziNhlekelele esiFundazweni sithola u R11.328 million (ngaphansi kuka COGTA).
- Isibonelelo sezoTakulo uma kuneziNhlekelele esiFundazweni sithola u R4.976 million (ngaphansi kowezokuThuthukiswa koMphakathi, njengoba kushiwo ekuqaleni).

Kukhona okunye ukwabiwa okwenziwa ngokwe Government Gazette No. 41 958 ekhishwe uMnyango kaMgcinimafa kaZwelonke mhla ka 4 Okthoba 2018, kanti

lokhu kukhombisa isabelo **sokubhekana nesomiso** esifundazweni. Mayelana nalokho, abezoLimo nokuThuthukiswa kwabasemaKhaya bathola isabelo sika R9.850 million ofakwe kwisiBonelelo sokuNakekela uMhlaba.

## F. UKUBEKA KABUSHA EQHULWINI KWANGAPHAKATHI

Ngale kwalokhu kubuyekeza, Isabelomali Esibuyekeziwe siphinde sibe nokuwedluliswa kwezimali nokuchezulwa kwazo ngaphakathi okwenziwe iminyango ekuhleleni kabusha ibhajethi yayo phakathi nonyaka.

Ukunikhumbuza nje, ***ukudluliswa kwezimali*** **ngaphathi kusho ukusetshenziswa kwezimali ezongekile noma ezingasetshenziswangwa zonke ngaphansi kweVoti eyodwa enkulu ziyiswe kokhokhela ezinye izindleko zeminye imisebenzi engaphansi kwaleyo Voti enkulu engaphansi kwalowo mnyango,** okungukuthi, inhloso yokuqala yokufuna leyo mali isiguqukile.

***Ukuchezulwa kwezimali*** **kona kusho ukwabiwa kabusha kwezimali ezazabiwe ngokungafenele ngesikhathi sesabelomali sesifundazwe sika 2018/19, noma lapho izimali zichezulwa ngenxa yokuklanywa kabusha kwezindleko.** Lokhu kufaka nemisebenzi echezulwe kwiVoti ngaphakathi ukuze kulandelwe ukwedluliselwa kwezimali ngaphakathi okungukuthi, inhloso yokuqala yokufuna leyo mali isefana.

Okubalulekile ukuba kuqashelwe ngokweSigaba 43 se PFMA yilokho **kugunyaza kweSishayamthetho** okudingekayo nganoma ikuphi ukuncipha ezimalini **ezabelwe ngqo leyo nhloso**, nanoma yikuphi **ukwehla emalini yemisebenzi emikhulu**, kanjalo nanoma ikuphi **ukuncipha ezimalini ezidluliselwa noma zixhase** ezinye izikhungo. Njengoba ngishilo ekuqaleni, noma ikuphi lokho kuncipha okuhlongozwayo kuqoshwe phezu kombala ogreyi esabelwenimali esibuyekeziwe sika 2018/19 engisethula namhlanje.

Ngokwe Treasury Regulation 21.1.1, noma isiphi **isipho, iminikelo noma imixhaso engaphezu kuka R100 000** ingagunyazwa ngu Accounting Officer ofanele. Lapho isamba singaphezu kuka R100 000, kumele kutholakale imvume yeSishayamthetho. Ezimweni lapho lezo zipho, iminikelo noma uxhaso kungaphezu kuka R100 000, lokhu kuvezwe eceleni eSabelweninali Esiyibuyekeziwe sika 2018/19, futhi kukhonjiswe njengodaba oluzimele lodwa kwi-Adjustments Appropriation Bill.

## G. ISIPHETHO

Mama Somlomo, sengiphetha inkulumo yami, ngifisa ukubonga uNdunankulu oHloniphekile namaLungu aHloniphekile oMkhandlu oPhezulu wesiFundazwe, futhi ikakhulukazi amaLungu ahlala eKomidini loNgqongqoshe leSabelomali, ngokungeseka nokubeka imibono ephusile ngesikhathi sihlanganisa iSabelomali esiBuyekeziwe kulesi sikhathi esinzima kangaka. Lesi sisho sase-Afrika

siyasiqinisekisa ukuthi isipiliyoni sethu siyasakha, futhi sisenza sibe namandla okubhekana nanoma yini esihlangabezana nayo: *“Ulwandle olucwebile aliwaciji amakhono etilosi.”*

Ngikuthakasela kakhulu ukwesekwa engikuthole eKomidini lezeziMali, ngaphansi koholo lukaMhlonishwa uKK Nkosi.

Ngifisa ukubonga zonke iziNhloko zeMinyango nabaPhathi abakhulu bezeziMali eminyangweni ngeqhaza abalibambile ekuphatheni izimali zeminyango yesifundazwe. Ngesikhathi iminyango ibikhombisa ukuba nengcindezi futhi iveza ukuthi imali ingase isebenze ngokweqile ekupheleni konyaka ngesikhathi kwenziwa imibiko yokusebenza kwezimali yaphakathi nonyaka wezimali ka 2018/19, bacelwa ukuba balungise izinhlelo zokulungisa lesi simo nokubenze bazithole bengasayisebenzisanga ngokweqile imali ekupheleni konyaka. Azikho izimali zokwelekelela kanti nezimali ezibekelwe izimo ezingalindelekile azenele ukuvikela izimali zeminyango esebenzisa imali ngokweqile kulamazinga okulinganiswe ngawo njengamanje. Ngakho, iminyango kufanele yenze konke okusemandleni ukuphatha ngendlela izabelomali zayo. Ngiyanicela futhi ukuthi niqinisekise ukuthotshelwa kwezindlela zokunciphisa izindleko njengoba imphumelelo yonke yethu yeyame ekutheni iminyango nezinhlaka zikahulumeni izimisele kangakanani ukuthobela lokhu. Ake sikhumbule ukuthi lokhu kwanqunywa ngokubambisana futhi kwagunyazwa uMkhandlu oPhezulu wesiFundazwe. Akumele nilindela uMgcinimafa wesiFundazwe ukuthi athi “cha” ezintweni ezibizayo nezingenasidingo. Lokhu kumele kusukunyelwe yini futhi nikwenze niqinise ngokungesabi.

Angikwazi ukuqeda inkulumo yami ngingabonganga abasebenzi bami eMnyangweni kaMgcinimafa ngokuqinisekisa ukuthi umbhalo engiwethula namhlanje uhlaba esikhonkosini futhi owezinga eliphezulu. Angikholwa ukuthi singakwazi ukuqonda isikhathi esidingekayo ukulungisa le mibhalo kanye nokuzidela enikwenzayo ukuqinisekisa ukuthi isiLinganiso seSabelomali esiBuyekeziwe siyethulwa namuhla. Thimba loMnyango kaMgcinimafa – Siyabonga, siyanconcoza ngomsebenzi omuhle kangaka!

Kuyintokozo kimi ukwethula ngokusemthethweni iKZN Adjustments Appropriation Bill, 2018, ukuba icutshungulwe kule Ndlu. Sengilangazelele inkulumompikiswano ezoba khona ngalo Mthethosivivinyo.

Ngiyabonga.